

INYUZILETHA YELUNGU

UHLELO LWESIHLANU | NOVEMBER 2024



Lungu Elithandekayo

Njengoba sisondele ekupheleni kuka-2024, kufanele siwucabange njengonyaka obunakho kokubili izinselelo futhi nomvuzo - hhayi nje eSikhwameni, kodwa kulowo nalowo wethu ngamunye, kanye nezwe lethu lilonke. Bekuwunyaka obuneziwombe zokungaqondisisi, kodwa uveze ukuqina, ukubambisana, nenqubekelaphambili okumangalisayo.

Ngokwesikhwama, sibonga kakhulu ukuthenjwa esikuthole kuwe, emalungeni ethu futhi enyakeni wonke likelele. Sichushe ezinguqukweni ezibalulekile futhi sabhekana nezinselele eziningi, nokho sifeze okuningi kakhulu sindawonye.

Ukuphumelela kwethu ekufezeni iziqophamlando ezibalulekile bekungeke kwenzeke ngaphandle kokubambisana okugxilile kwabo bonke ababambiqhaza bethu - amalungu, abaqashi, izithunywa zesifunda, kanye nabasebenzi.

Njengoba sicabanga ngalokho esikufezile, sifuna ukuzwakalisa ukubonga kwethu kuwena okuvela ekujuleni kwenhliziyo yethu ngenxa yokusikhetha njengeSikhwama sakho ozikhethela sona. Ukwethenjwa nguwe kanye nokuzibophezela kwakho yikhona okusiqhubayo ukuthi sihlale silwela ukwenza ngcono isevisi kanye nokusungula izinto ezintsha.

Okunye okufezwe yiSikhwama ku-2024 kuhlanganisa:

1. UKUGUBHA IMINYAKA ENGAMA-35

NgoJuni, iSikhwama sagubha iminyaka engama-35 sasungulwa - okuyingqophamlando egcizelela umlando wethu kanye nokwethenjwa esikwakhile emashumini eminyaka eyedlule. Sibonga ukwesekwa okuqhubekayo kwamalungu ethu nabaqashi, futhi sibheke ngabomvu isahluko esilandelayo sohambo lwethu.

2. UHLELO LWAMABHODWE AMABILI OMHLALAPHANSI - IMPUMELELO EBABAZEKAYO

Ukwethulwa Kohlelo Lwamabhodwe Amabili Omhlalaphansi lulethe ushintsho olunqala embonini yezikhwama zomhlalaphansi zonkana. Ukungena endaweni engaziwa, sisho ngokuziqhenya ukuthi senze izinguquko zoHlelo Lwamabhodwe Amabili Omhlalaphansi kalula ngaphandle kwezihibe. Amathimba ethu asebenze ngokuzikhandla elungiselela futhi ukuze aqinisekisa ukuthi kuphelele konke ngomhlaka-1 Septhemba 2024. Ngomhlaka-27 Novemba 2024 besesibhalise izicelo ezingu-51799, futhi sesicubungule saze sakhokhela izicelo ezingu-50990 kuze kube manje, izamba semali yazo singu-R932 wezigidi zamarandi kwasala kuphela izicelo ezingu-809. Lokhu sikuthatha njengempumelelo ebalulekile nemangalisayo.

Njengoba Uhlelo Lwamabhodwe Amabili Omhlalaphansi selusebenza manje futhi luzohlala lukhona, sesandisa inqubo yethu yokufaka izicelo ukuze siyenze ibe lula futhi ingabi nazihibe kumalungu ethu. Sethule inqubo yokufaka izicelo nge-inthanethi ukuze siqhubeke nokwenza lula izingqubo zokufaka izicelo. Sicela ufunde okubhaliwe ngesihloko esithi -" [Ukwethulwa Kwenqubo Yokufaka Izicelo Zengxenywe Yokonga Nge-inthanethi](#)" ukuze uthole ulwazi olwengeziwe lokuthi ungabhalisa kanjani. Kuzokwethulwa Izinkundla ezidijithali ezengeziwe kusukela ngo-2025.

Sicela uqaphele ukuthi kusukela mhlaka-1 Desemba 2024, iSikhwama sehlisa isibalo sabeluleki abasebenzela ezimayini ngayinye. Kuzoncishiswa umthamo noma isevisi, futhi lokhu kusekelwa yizici ezimbili ezibalulekile: (a) sebenciphe kakhulu abafaka izicelo futhi; (b) kuncishiswa izindleko. Kunalokho, abeluleki bazobe sebezungeza phakathi kwezimayini ukuze banikeze ukweseka. Inqubo yokufaka izicelo nge-inthanethi izoqhubeka nokusebenza ngokuhambisana

nenqubo eyenziwa ngesandla kuze kube nesinye isaziso. Ngalesi sikhathi, abeluleki ngohlelo Lwamabhodwe Amabili bazobe besiza ngezicelo bezungeza ezimayini ezahlukene. Lolu hlelo luzosebenza kuze kube umhlaka-13 Disemba 2024, ngemva kwalokho abeluleki bohlelo Lwamabhodwe Amabili bazothatha ikhefu baze babuye mhlaka-2 Januwari 2025. Nisengazithumela izicelo nge-inthanethi ngokulandela inqubo eshiwo kulo mbhalo.

3. IMIBUKISO YEMIGWAQO YEZINZUZO EZINGAKHOKHELWE

Izinzuzo ezingakhokhelwe zisho izicelo zezimali zabasebenzi basezimayini asebayeka bengazingafakanga lezo zicelo noma bengazikhokhelwanga phakathi nezinyanga ezingama-24 bezifakile lezo zicelo obekufanele ngabe zikhokhelwe. Ingingi lezinzuzo iSikhwama esingazikhokhanga zaqokeleleka ngesikhathi lapho iSikhwama sisaphethwe abaphathi be-S13B. Lesi yisizathu esenza inani elikhulu lalezi zicelo leqe eminyakeni eyi-15 noma ngaphezulu. Isikhwama saqala ukuzilawula kusukela ngo-2011.

Kusukela esikhathini sokuzilawula, iSikhwama sesitshale umzamo omkhulu ezinhlelweni zokwazisa imiphakathi ngezinzuzo ezingakhokhelwe.

Kulo nyaka, iSikhwama sithathe izinyathelo ezibalulekile ekubhekaneni nezinzuzo ezingakhokhelwe, okuyindawo okugxilwe kuyo kakhulu enjongweni yamasu.

Sesenze imibukiso yemigwaqo emibili ebe nomthelela omkhulu eMozambique ngoJulayi, kanye nombukiso wendawo eWestonaria, Carletonville, naseMatlosana ngoNovemba. Sihlonze ukuthi abahlomuli bayi-1,468 abanezinzuzo ezingakhokhelwanga eMozambique, kanti ezicelo ezingama-341 sezi-cutshungulwe ngokugcwele, eziyi-173 seziqalile ukukhokhelwa, ezingama-527 zanikezwa abakwaZingeli/Tracers kwathi ezingama-427

ziyacutshungulwa. Embukisweni womgwaqo yendawo, sithole ukuthi abangaba ngabahlomuli bangama-87, ezingama-30 sezicutshungulilwe izicelo, ezingama-57 zisasele.

Lo mzamo usaqhubeka nokuba seqhulwini esiKhwameni njengoba silwela ukuqinisekisa ukuthi ababekade besebenza ezimayini kanye nabahlomuli babo bayakuthola okufanele bakuthole. Ngonyaka ka-2025, iSikhwama sesivele sihlela imibukiso yemigwaqo yezinzuzo ezingakhokhelwanga eBotswana naseSwatini. Futhi nombukiso womgwaqo wendawo nawo uzokwenziwa.

4. UKWENYUSWA KWEMIHLOMULO YOMNGCWABO

Siyabuqonda ubunzima bezezimali obubekwa yizindleko zokungcwaba phezu kwemindenini, yingakho sijabulela ukumemezela ukwenyuswa kwenzuzo yomngcwabo kusukela mhlaka-1 Novemba 2024. Inzuzo izokhuphuka isuka ku-R60,000 iye ku-R80,000 kumalungu, ababashadile, kanye nezingane ezineminyaka ephakathi kuka-14 no-25. Lokhu kwenyuka kuzoqinisekisa ukuthi kuyatholakala ukukhululeka okwengeziwe ngokwezimali ngesikhathi esinzima, kunikeze amalungu ethu ukuphumula komqondo okukhulu. Nakuba inzuzo yenyuka, iprimiyamu yesehlo somngcwabo izohlala injalo.

Amalungu athatha umhlalaphansi kufanele futhi akhumbule ukuthatha izitifiketi zawo

zemihlomulo womngcwabo osukhokhelwe waphelela ezimayini/esiKhwameni.

Ngibheke Phambili ku-2025.

Ngesikhathi sicabanga sibheka emuva ku-2024, sesivele sibheke phambili ku-2025 ngesasasa elikhulu nokuzimisela. Sihlela ukuqamba kabusha nokuthuthukisa konke okuphathelene neSikhwama, okuhlanganisa izinkundla ezidijithali ukuze kukhule okwaziwa ngamalungu, kanye namaphrojekthi engeziwe ukuze siqinisekise ukuthi izidingo zamalungu ethu ziyahlangatshezwa kahle kakhulu nangokunakekeleka. Sibheke ngabomvu omunye unyaka wenqubekelaphambili nokukhula ngo-2025.

UKUVALELA UKUPHELA KONYAKA KA-2024 KWEHHOVISI


Sicela uqaphele ukuthi ihhovisi elikhulu leSikhwama, izikhungo zokuzifikela mathupha, namahhovisi e-EBS azovalwa kusukela mhlaka-23 Disemba 2024 aze avulwe kabusha ngomhla ka-2 Januwari 2025. Sicela uqinisekise ukuthi noma yiziphi izindaba eziphuthumayo ziyalungiswa ngaphambi kwalesi sikhathi sokuvalwa.

Ngikufisela isizini yemikhosi enenjabulo kanye noNyaka Omusha oqaqambileyo!

Ozithobayo

U-Frans Phakgadi

Isikhulu Esiyinhloko kanye neBamba le-CEO



Ukwethulwa Kwenqubo Yokufaka Izicelo Zengxenywe Yokonga Nge-inthanethi

Inqubo yokufaka izicelo nge-inthanethi zengxenywe yokonga ohlelweni lwamabhodwe amabili omhlalaphansi isiyatholakala manje. Le nqubo entsha ye-inthanethi izosebenza ngokuhambisana nenqubo yezicelo ezenziwa ngokuzigcwalisa ngesandla kuze kube kuphinde kuyaziswa.

Okufanele Ukwenze



1. **Vakashela iWebhusayithi ye-MWPF:** www.mwpf.co.za



2. **Khetha okuthi "Member Login"** kumenyu engenhla.



3. **Faka igama lomsebenzisi nephasiwedi yesikhashana** okuthunyelwe kuwe yi-MWPF ngomyalezo omfishane obhaliwe i-SMS.



4. **Chofaza okuthi "Login."**



5. **Buyekeza Imininingwane Yakho:** Faka inombolo yakho kamazisi, inombolo yeselula, bese uqamba iphasiwedi entsha.



6. **Khetha okuthi "Accept"** ukuze uqedele ukubhalisa.

Izinyathelo zokufaka isicelo nge-inthanethi seNgxenywe Yokonga Yesistimu Yamabhodwe Amabili

01

**Vakashela
iWebhusayithi
ye-MWPF:**
www.mwpf.co.za



02

**Khetha okuthi
"Member Login"**
kumenyu
engenhla.



03

**Faka Igama
Lakho
Lomsebenzisi
nephasiwedi
entsha
oyiqambile.**



04

**Chofaza
okuthi "Login."**



08

**Buyekeza
Ibhalansi Yakho
Yokonga Esikrinini
se-Market
Value Screen.**



07

**Hlola/Buyekeza
Inombolo Yakho
Yentela Esikrinini
Se-Member
Information Screen.**



06


**Khetha lokho
okuthi
"Withdrawal
Two Pot".**



05

**Khetha okuthi
"Saving
Withdrawal".**





Ukuhlakanipha Kwezezimali Ngesizini Yemikhosi

Njengoba isikhathi sesizini yemikhosi sisondelela, kungaba lula ukubanjwa imigubho bese usebenzisa imali ngokweqile. U-Amma Amparheng, i-CFO ye-MWPF's, unikeza izeluleko ezisebenzisekayo mayelana nokusetshenziswa kwemali ngobuhlakani kuyilapho ucabangisisa ngezinsalele kanye namathuba ekuhleleni izimali.



U-Amma wabelana ngamagqinga abalulekile ukuze akusize ujabulele isizini ngokuphelela:



"Hlela kusengaphambili: Yibani nomhlangano womndeni ukuze nakhe ibhajethi bese nibeka phambili izindleko zenu". Hlala phansi nabathandekayo bakho ukuze uhlele izindleko. Lokhu kuqinisekisa ukuthi nonke niyahambisana futhi nibeka phambili lokho okubalulekile ngempela. Isibonelo, imali yesikole, izincwadi nezinto zokubhala, umfaniswano wesikole kanye nezindleko zokuya emsebenzini.



"Chitha Imali Elingana Namandla Akho: Thenga lokho okudingayo futhi onamandla okukukhokhela. Gwema ingcindezi yokuzilinganisa nabanye abantu/ zifanisa nabakwa-Jones". Melana nesifiso sokusaphaza imali. Gxila ekuthengeni okunesidingo ngaphakathi kwebhajethi yakho. Sebenzisa okongile emalini yokugubha imikhosi ngobuhlakani, ubeke kuqala izidingo ngaphezu kokufunayo.



"Gwema Isikweletu: Khokha ukheshi noma nini uma kungenzeka ukuze uvimbele ubunzima bezezimali onyakeni omusha." Ukusebenzisa ukheshi uma uthenga kunikeza ukuqonda okucacile kokuthi usebenzisa malini futhi kuvimbela ukusetshenziswa ngokweqile okubangelwa ukuba lula kwama-akhawunti esikweletu noma esitolo.

Nakuba isizini yamaholide iyisikhathi sokugubha, kubalulekile ukugwema ukuthatha lokho okongele isikhathi eside ukuze uthole okufunayo kwesikhashana. U-Amma uyachaza, “Ukuthatha emalini oyongele umhlalaphansi ukuze ukhokhele izindleko zemikhosi kungabeka ikusasa lakho engcupheni. Lezi zimali zenzelwe izimo eziphuthumayo noma umhlalaphansi, hhayi ukugcina amazanga okuphila.”

Amagqinga Engeziwe:

- 1 Igqinga Elingeziwe: Qamba uhlu lozobanika izipho kusenesikhathi ukuze ugweme ukuthenga okungahleliwe. Funa izindali nezaphulelo ezintweni ozihlelele, kunokuthenga ngomzuzu wokugcina ngezindleko eziphakeme.
- 2 Qala uhlelo lokongela imikhosi ekuqaleni konyaka ngamunye, unikele ngenani elincane nyanga zonke. NgoDisemba, uzoba nemali ebekwe eceleni yemigubho ngaphandle kokuthinta lokho okongele isikhathi eside.

Okokugcina, u-Amma uyasikhumbuza, “Imigubho akumele idle yonke imali. Ngokulinganisa ukusetshenziswa kwemali kanye nokuhlela okucatshangelwayo, ungayijabulela imikhosi ngenkathi uzilungiselela u-2025 ovikelekile.”

Njengoba sicabanga sibheka emuva futhi silungiselela imikhosi, masigubhe ngokucophelela kuyilapho sikhumbula imigomo yethu yezezimali. Ngokuhlela ngokucophelela, inkathi yamaholide ingaba yinjabulo futhi ingabi nengcindezi ngokwezimali.



SILANDELE EZINKUNDLENI ZETHU ZOKUXHUMANA

Ukuze uthole izibuyekezo njalo zezindaba ezihlobene neSikhwama, silandele ezinkundleni zethu zokuxhumana ezibalwe ngezansi.

 Facebook: @mineworkspf

 Instagram: @mineworkers_pf

 WhatsApp: 071 887 6515

Isitatimende sokuzihlangula: Ulwazi olukule nyuziletha luvikelwe yimithetho yolwazi lobuciko esebenzayo futhi akumelwe ukuba lukopishwe, lusatshalaliswe noma luguqulwe mayelana nezohwebo. Nakuba yonke imizamo yenziwe ukuze kuqinisekiswa ukuthi lolu lwazi olutholakala lapha lungolwakamuva, aluchemile futhi lushaya khona, lokhu ngeke kwaqinisekiswa. Ukusetshenziswa kwalolu lwazi yinoma yimuphu omunye umuntu kuzoya ngokubona kwalowo muntu futhi luyiqiniso kuphela. Sicela wazi ukuthi uma okuqokethwe kule nyuziletha kushayisana Nemithetho Yesikhwama, kuzolandelwa Imithetho. I-MWPF angeke ithwale icala ngenxa yanoma yikuphi ukulahlekelwa, ukulimala, kanye nezindleko okungenzeka zibe khona ngenxa yanoma yiliphi iphutha noma okunye okungasiwongo lapha ngendlela eqondile noma engaqondile.